

Speech by KZN Health MEC, Ms Neliswa Nkonyeni on the occasion of a presentation of the Centocow Garden Project at Bulwer

22 September 2007

Sibingelela yonke imiphakathi evela komasipala base:

Ingwe

Umzimkhulu

Ubuhlebezwe

KwaSani

Kokstad

Masiqale ngokubonga uNgqongqoshe wethu wezeMpilo, umama wethu u Dr Manto Tshabalala Msimang mayelana nesiphakamiso sokukhushulwa kwamaholo onesi. Sithi siyakubonga loku njengoba kuzokwenza iningi labantwana bethu bafune ukuba ngonesi kuphinde kuvimbe nabo onesi bethu ukuthi bangabe besahamba ukuyofuna umsebenzi emazweni angaphandle. Siyababongela bonke abantu bakulelizwe.

Namhlanje size kulendawo kaNdabezitha u Zondi sihambisana noNgqongqoshe weLimo uBaba uMthimkhulu sizogcwalisa izinkambiso zoMnyango wezeMpilo njengaloku isiqubulo sawo sithi:

Silwisana nezifo, silwisane nobubha, sinike ithemba

Injongo yethu ibhekele ukuthi abantu bangaguli noma babulawe ububha isidingo singekho, kube kungakhona abangazikhiqizela kona emhlabeni oNdabezitha abavumayo ukuthi siwusebenzise.

Sibonga kakhulu komama be Natal Women Resource Centre okade begqugquzela ukuthi siqalise ngalezinhlelo zokuseka ukwenziwa kwezivande ezindaweni lapho abantu bahlala khona.

Okubaluleke kakhulu ukuthi lezinhlelo esizoziseka lapha namhlanje zingalokothi zifadalale.

Loko sizokuqinisekisa ngokuthi kube khona ikomiti elifaka uMnyango wezeMpilo, isibhedlela i St Appolinaris, uMnyango wezoLimo, abamele uMphakathi wase Centacow kanye nabe Natal Women's Resource Centre, lelikomiti lizohlala libhekele ukusebenza kanye nokukhula kwale Project. Okuhle ngaloku ukuthi umkhiqizo wale Project uzosiza umphakathi walendawo [food security] uphinde udayiselwe esibhedlela sethu esikhona I St Appolinaris.

Thina singuMnyango wezeMpilo asithandi ukubona abantu begcwele ezibhedlela behleli emabhentshini beguliswa izifo ebezingagwemeka yingakho nje sihlala sikhupha izexwayiso zokuthi:

Yidla ukudla okunempilo

Jwayela ukuzivocavoca

Gwema ukubhema

Qaphela indlela osebenzisa ngayo utshwala

Yenza ucansi oluphephile, uphinde

Ulandele imithetho emihle yenhlanzeko.

Ukuvimbela ukubhebhetheka kwezifo nakuyo le District yase Sisonke, ngithi masibambisane ukuhambela izikhungo zezempilo kanye nemikhankaso eyenziwayo kulezindawo ezilandelayo:

UMZIMKHULU

- **Rabbies Awareness** campaign at Sihlela: 28 September
- **Mental Health Awareness** at Umzikhulu Psychiatric Hospital: 13 October

UBUHLEBEZWE

- **Home based care awareness** at Hlokozi: 29 September
- **Stroke awareness** day: 10 October
- **TB awareness** ngosuku oluzomenyezelwa

GREATER KOKSTAD

- **Diabetes awareness week** at Horseshoe: 28 September
- **TB open day:** 4 October
- **TB awareness day:** 12 October
- **Nutrition and physical activity:** last week October
- **TB Blitz** at Folyshill: November

KWASANI

- **World food day:** 12 October
- **TB awareness at Underberg** ngosuku oluzomenyezelwa

INGWE

- **TB awareness day** at Gwala: 26 October
- **Healthy walk** at Pholela ngosuku oluzokhishwa

Sisazogagula futhi izindawo esizobambela kuzo kuyo lenyanga ka **October** lemicimbi elandelayo:

- Cervical screening
- International day of disabled people
- International day elderly people
- Eye care awareness week

Ngizophetha ngokusho ukuthi sesikhiphe imali engaphezu kwesigidi **R1 million** sivuselela kabusha isibhela I St Appolinaris, kulingiswa ama Ward, Lecture hall, Admin offices kanye nezindlu zangasese.

Siyethembisa futhi ukuthi kothi kuphela inyanga ka **October** sobe sesiqedile ukuvuselela lemitholampilo:

- Mntungwana clinic

- Sangwaba clinic
- Nokweja clinic
- Mnyamana clinic

Siphinde sabona futhi ukuthi kunenkinga yamanzi kweminye imitholampilo.

Lapha sesithathe isinqumo sokuthi sifake amathangi amanzi akwazi

ukumumatha u **10 000 litres** kulemitholampilo elandelayo:

- Sandanezwe clinic
- Qulashe clinic
- Mnyamana clinic
- Gcinokuhle clinic
- Hlokozi clinic
- Nokweja clinic
- Sangwaba clinic

Kweminye imitholampilo sixoxisana nabakwa **DWARF Mvula Trust** ukuthi basifakele ama borehole pumps.

Masimukele umama wethu uNgqongqoshe wezeMpilo kuzelonke u Dr Manto Tshabalala Msimang.